Ngelinye ilanga ngavakashela abanye bomndeni ababehlala kulendawo. Ngangihambisana nezinye izingane, ngabizwa umfana omdala kunami wangicindezela phansiwangidlwengula. Iphunga lakhe nobuso bakhe nacho konke okunye ngaye ngeke ngikukhohlwe nanini. Angikaze futhi angisoze ngabuzwa ubuhlungu obufana nalobo engabuzwa. Ngahamba ngaya ekhaya ngafike ngatshela umama konke okungehlele. Umama wangithatha wangisa emaphoyiseni.

Kwavulwa icala ngaya kohlolwa udokotela baphelela bonke ubufakazi. Lokhu okwenzeka kwaba yindida: Eskhathini esingaphambili ngangihlala endaweni eyayinamahlathi anobungozi, bengekho nomakhelwane. Sekuzothi lapho umndeni wami usuhlala endaweni eyayibukeka iphephile, sengehlelwa isigameko sokudlwengulwa? Ngaqala ukuyizonda lendawo. Ngazonda nabantu bakhona. Ngazonda kwasikole, konke nje.

Sabe sesithole ukuthi umfana ndini wabaleka wayofihlwa lapho ayengeke atholwe khona amaphoyisa khona. Icala lesulwa ngoba kwalahleka amafayela. Emva kweminyaka wabuya wabuya umfanalowoendaweni. Umangimbonangangiphinde ngivukelwe yiyo yonke imizwa yokudlwengulwa. Isithombe sako konke okwenzeka sasingasuki emqondweni wami. Wayethi uma ehlangana name angibingelele njengomuntu angakaze amazi.

Njengoba ngiphila nalobuhlungu bokudlwengulwa ngiyamcela uNkulunkulu ukuba amthethelele lomfana nokuthi angiphe amandla okuba ngingamzondi. Ngabona ukuthi indlela engingazelapha ngayo eyokuba ngisebenzele ukuthi umthetho usebenze ubulungiswa bufinyelele kuzo

zonke izingane ezidlwengulwayo – ngibasize labo abadinga usizo.

Omunye usolwazi wangeluleka ngokuthi sengingalivusa icala lakhe. Kodwa angithandanga ukwenza njalo. Ngathi konke okwenzeke kimi ngiyakucima ngokwenza umsebenzi oqinisekisa ukuthi bonke abadlwengulwayo bathola ukuvikeleka ngokufaneleyo yilabo abaphethe umthetho.

Ngo September ka 2013 ngabona ngezimpawu engizaziyo ukuthi umshana wami owayeneminyaka eyishumi nantathu wayedlwenguliwe emva kokuvakasha kwakhe kwamngani wakhe. Ngambuza ukuthi kwenzekeni waphendula ngokuthi kwangena umalume ebusuku belele kodwa akaze asho lutho ngokudlwengulwa.

Ngaxoxela omunye engisebenza naye ngalesi sehlakalo. Indaba yaze yafinyelela kuDebbie Rowes we Creighton HELP. Ngosuku olulandelayo kwafika uSonhlalakahle esikoleni izoxoxisana nomshana. Umshana wabhoboka wamtshela uSonhlalakahle ukuthi wadlwengulwa ngalobu busuku. Kwavulwa icala emaphoyiseni. Umsolwa uselindele isigwebo sakhe. Umndeni kamsolwa wacela kwabasekhaya ukuthi balesule icala bemukele isinxephezelo ngaloko okwenziwa umsolwa. Nganxenxa umama

umama womshana wami ukuthi angayamukeli lemvalamlomo ebizwa ngesinxephezelo. Nginyaqhubeka ngisiza amanye amantombazane adlwenguliwe emphakathini wangakithi. Ngilwela njalo ukuguqula ubuhlungu ngifake ugqozi lwami lonke ekulweleni ubulungiswa. Ngiyayibonga iWomen's Leadership and Training Programme (WLTP) engivulele inkundla yokwenza lomsebenzi emphakathini wakithi.

Ngadaleka Kabusha

ngu Nobuhle Mbanjwa

ANGIKAKAZE NGIBUZWE UBUMNANDI BOKUBA
YINGANE. Ngangingahlali nabazali bami.
Ngangiphilela ukusuka komunye umndeni ngiye
komunye. Kuko konke loko kuhambe ngihlala
ngangiyitholi inhlalakahle. Ngangithwaliswa
amacala okuntshontsha, ngishayelwe ukuthi
angiyenzanga imisebenzi yasekhaya. Ngangifunda
ngaphansi kwesimo esilukhuni. Ngangihamba
ibanga elide ngezinyawo ngingenazicathulo.
Ngangimelwe ukufeza imisebenzi yasekhaya
ngaphambi kokuba ngiye nokma sengibuya
esikoleni. Ukuze ngiziphaphise kulenhlalo enzima
futhi ngibe nekusasa elingcono, ngashada ngathola
abantwana abathathu. Kumanje nginomuzi wami
okuyinto engingayifuna.

Ngonyaka ka 2010 ngaqala ukuhambela
amaworkshop akwa WLTP lapho ngafunda ngokuthi
kuyini ukuhlukumezeka nokuthi kumbulala
kanjani umuntu emoyeni nasengqondweni.
Ngalalelisisa zonke izingxoxo kwi workshop kodwa

angiluxoxanga udaba lwenhlalo yami yasekhaya; ukuthi umyeni wami wayengishaya angishawode ngingakwazi ukuzivikela. Angishongo ukuthi ngangingakhululekile ukushiya izingane zami noyise wazo. Ubuhlungu balempilo baqgibelana kimi.

Bakhula ubudlelwano bami noWLTP ngazizwa sengilekelelekile ngathemba nabasebenzi base WLTP. Omunye u'facilitator' wabona imihuzuko enganginayo wayesengibuza ukuthi nganginenkinga yini. Ngaphendula ngathi ngangiwiile.. kwaqhubeka isikhathi eside ngibekezelele ukushaywa ekhaya kwaze kwafika isikhathi lapho nginquma khona ukuthi kumele kube khona engikwenzayo. Ngagcina ngibhobokile kulo 'facilitator' owayeke wangibuza ngemihuzuko ekuqaleni. Ngathatha iseluleko sokuthi ngifune I'Protection Order', kodwa nako loko akuhambanga kahle. Ngagcina ngokushiya umuzi wami owawuyikhaya lami. Ngashiya nabantwana bedidekile behlukumezekile.

UWLTP wangisiza ngokungitholela indawo emzini wokuphepha ePietermaritzburg. Ngahlala lapho isikhashana. Ngangibuyela ekhaya lapho umama ongizalayo ayehlala khona. Ngangihlala nginovalo ngoba ngangishiye abantwana kwami. Ngangivokwesaba ngoba umyeni wami wayeshayela

amatekisi. Nganginivalo ukuthi lapho eyongibona khona uyongishaya. Wayesetshela noWLTPp ukuthi angixoshwe emsebenzini ngoba lokusebenza kwami kwakungenza ngidelele. Wasongela imindeni yalabo ababesebenza nami. Izingane zakhe ezintantu wayezihlukumeza ngokuzithethisa ngokweqile. Othisha baqala ukubika ukuthi umsebenzi wesikole wehlile kubantwana. Ngehluleka ukubatholela esinye isikole ngalapho kwakuhlala khona umama nakwezinye izindawo.

Emva kwesikhashana umyeni wami wangincenga ukuthi ngibuyele ekhaya ngimxolele. Wethembisa ukuthi usephendukile ngeke esaphinde angishaye. Nomndeni kamama wami wabe usungidudula ukuba ngibuyele kulobuya buhlungu bomuzi wami engasengibushiyile. Ngagcina ngibuyele kumyeni wami. Kumanje ngiyakwazi ukusiza abantu ababhekene nesimo esifana nalesi engangibhekene nasonami. Izeluleko zami ziyathenjwa ngabesifazane emphakathini, kulabo abangontanga ngisho nalabo abayintanga kamama ongizalayo. Umphakathi usuqala ukungibuka ngamanye amehlo ngoba bebona indlela esengikhule ngayo nenguquko empilweni yami. Ngihlale ngibaxoxela nabanye ngenhloso yokuthi bathole okungaba usizo.

Ukugqashula Amaketanga

Ngu Buyelaphi Sibiya

NGABA YINGXENYE YE WLTP EMINYAKENI eyedlule. Manje sengisebenza khona. Yaphela iminyaka eyishumi nanhlanu ngihleli phansi kobudlelwano (ngiyingoduso) okwabe kungihlukumeza. Ngangifananesiboshwa–futhisonasasingconongoba siyanikezwa isigwebo seminyaka enqunyiwe, sijeze siphela. Kulelizele ngangihlala njalo ngilivuma icala engingalazi ngoba ukuliphika kwakungamukelekile. Ngangihlala ngiqula amacala okuba umuntu wesifazane ongaziphethe kahle, othanda amanye amadoda. Loku kwakungihlukumeza kakhulu emoyeni nasengqondweni yami. Ngangingakwazi nokuba nabangani besifazane ngoba owayezoba ngumyeni wami wayehlala ethi abangani yibona abangifundisa imikhuba nokuthi yibona abangilethela amadoda. kuleso sikhathi nganginamahloni ngingumahlala yedwana. Yayingekho indlela engangingaba nobuhlobo ngayo nabantu besilisa futhi yinto engangingakaze ngiyicamange nokuyicamanga. Ukuphela komuntu

engake ngathandana naye yilo owayezongishada. Kodwa wayengakaze angithembe.

Ngadela konke okwakungangithokozisa ngizama ukuthi angethembe. Ngangethemba ukuthi uzobona ukuthi ngiyamthanda bese ekhula akwazi ukungethemba. Konke ukuzinukela kwami akumshintshanga. Sasesiside isikhathi. Ngageza izandla ngaye. Ngathola 'Protection Order'. Yamethusa kakhulu kwangathi uhanjelwa umqondo. Waya kolashwa abalaphi bendabuko. Bonke abantu bakholwa ukuthi uthakathiwe.

Ngathi 'Sekwanele'. Angisafuni ukuqhubeka nobuhlobo naye. Kwabe sekukuningi engikubekezelele kodwa yena enza noma yini engangilimaza. Wake wazama nokungivalele ejele ethi ngebe izimpahla zakhe. Uhlala esongela umndeni wami ethuka umama nganoma yiyiphi inhlamba angayicamanga. Wayeze athi umama wayengikhulisa ukuba ngingabi umfazi walutho. Ngagcina sengilala komakhelwane ngoba ngesaba ukulala ekhaya. Wayetshela abantu nomakhelwane ukuthi seloku ngaqala ukusebenza angisamhloniphi ngiluhlaza. Wayethi uzongiyekisa ukusebenza. Utshela abazali bami ukuthi bambuyisele ilobolo.

Ngokwesiko liyabuyela ilobolo lakhe uma ngingalotsholwa enye indoda.

Manje ngizizwa ngingcono kakhulu ngoba sengilwela impilo yami namalungelo ami. Engikwaziyo ukuthi ngingancama ukufa kunokwehlukana nenkululeko yami. Ukusebenza kwaWLTP kungenze ngaqala ukubuka isimoisiko sami ngenye indlela. Sengiyabona ukuthi angizange ngiphile ngokweqiniso yonke impilo yami. Bengingalaleli loko engadalelwa ukuba ngibe yikona. Manje sengifundela ukuba yithishelakazi eUNISA. Ngesikhathi ngisahleli nowayezoba wumyeni wami wayengafuni engihlukumeza uma ngithi ngiqhubeka nemfundo. Ngangithi noma sengizohlalela ukuhlolwa angivimbele. Manje ukuqhubeka nokufunda kunginika ithemba lokufeza iphupho ngempilo yami enganginalo ngisemncane.

UZanele umbulula uthola ubuyena bangempela

Ngu Zanele Ngcobo no WLTP

UZANELENGCOBOWAYENGUMQEQESHIWOMPHAKATHI kwa WLTP ngaphansi kohlelo lokulwa nokuthwala nomhayizo. Wagcina engumpetha kuloluhlelo ngokungaphelimandla kwakhe ukuphendula udaba lokuthwalwa kwakhe. Wayebuzwakalisa ububi balomkhuba ngendlela eyayinamandla kakhulu kangangokuthi namadoda amadala ayekhala izinyembezi lapho emlalela.

“Ngangineminyaka eyishumi nane (14) ngamhla ngithwalwa. Kwakuyihora leshumi ebusuku, kwafika umzala wami wangicela kumama ukuba ngivakashele kubo. Sathi ukuba siphumele ngaphandle ngabhozonyelwa amadoda ayisihlanu emukla name. ngangikhala ngimemeza kodwa lamadoda ayevuma ingoma ngamaphimbo aphezulu ayekwemboza ukukhala kwami kungezwakali. Bathi mangiyeke ukukhala ngoba ngeke bangibulale.

Angilalanga ngalobo busuku ngangishaqekile futhi ngihlukumezekile. Lona engangizoganiselwa yena wathumela ilobolo kwethu. Ngangethemba ngithi ubaba uzolenqaba. Ngadumala uma elamukela engasezwanga nokuthi mina ngithini. Kusukela ngalelo langa angikwamukelanga ukuba yingxenye yalomndeni. Kwangithatha iminyaka emibili ukuthi owayengithwalile ngimamukele njengom

Wami. Ngangisemncane kakhulu ngingakwazi ukwehlukana uthandonokuvuma okuphoqwa yisimo. Ngangizizwa ngingelutho futhi ngingenamandla, ngiyinto nje yokudayiswa ukuze umndeni wami uthole imali, abanye abantu bajabule ngami.

Ngikhula ngangifuna ukuba usomaqhuzu woMhlengikazi ngikwazi ukusiza umndeni wami ikakhulukazi umama owayesikhulise ngokusebenza kanzima. Ngangingafuni ukuthi uma sengikhulile ngishikashikeke njengaye. Wayengakwazi ukujabula. Mina ngangifuna ukuba ngihlale ngokujabula uma sengikhulile. Kodwa lelophupho lami laphahlaka/ lashabalala ngomzuzwana. Angibange ngisaliqeda ibanga leshumi eskoleni. Ngizabalazile ngikhulisa abantwana bami ababili nomyeni wami eseshonile.

Loku kwangenza ngasizonda kakhulu isehlo sokuthwalwa kwami.

Namanje ngisazama ukuqhubeka nemfundo yami. Ngizama nokuthi ngilapheke emoyeni/emphefumulweni nasengqonweni. Ngizabalazela ukuhti izingane zami zize ziphile impilo engcono. Ngingafa uma indodana yami ithwalwe noma indodana yami ithwale ingane yabantu. Sengiyawazi amalungelo abantu besifazane ngakhoke othwalile ngingamnikela kwabomthetho ngingaphiki nokuthi abantu bathini. Umfana wami lo oneminyaka ewu 15 ngifuna akhule abe yindoda yangempela angafani namadoda angakwazi ukubhekana nemithwalo eqondene nawo. Ngeke akhule athwale intombazane njengoyise. Ngilwela ukuthi enze zonke izinto ngokomthetho. Ubunzima engidlule kubona bungifundise ukuzimela. Ngizolwela abantwana bami ngilwele nawo wonke amantombazane emphakathini wangakithi.”

Manje ngivuselela unembeza ebantwini abaningi besilisa nabesifazane abake bathinteka ezehlakalweni zokuthwala. Ngihlumelelisa ithemba kumantombazane ngokubika izigameko zokuthwala emaphoyiseni ngisize ukuze babuye kuleyomizi abaganiswe kuyo ngempopo.

Ngo Ndasa ka201 uZanele wathola ithuba lokuya kofunda elabe lingelokuqala empilweni yakhe. “Ngathi uma ngithola ithuba lokuya kwa Training For Transformation (TFT) ngajabula kakhulu. Kodwa futhi ngaba nokwesabangoba angazanaga ukuthi yini engangizohlangabezana nayo. Ngathi uma ngifika kwa TFT ngazikhandla ukuze ngiqonde kahle engizokufunda. Engangikwenza ngangizama ngamandlaami wonke ukuqonda nokusebenzisa ama ‘Principles’ Imigomo ka Paulo Freire emsebenzini wami womphakathi. Kwakunzima kimi ukufika ezimpandeni (Root Causes) njengokufundiswa ezifundweni, kodwa ngangizama ngize ngifikelele. UWLTP wawuncoma kakhulu umsebenzi wami.

Ngazizwangimila izimpikolaphosesinikwaithuba lokusebenza njengamaqenjana amancane ukuze sihlele ukuthi singayisebenzisa kanjani lendlela yokufundisa. Manje ngasengizwa nginokuzethemba ngikuqonda kahle okwakulindeleke kithi njenganeqenjana. Iqembu labaqeqeshi lakwa FTF langikhuthazalanganika inselelo yokuvumbulula izipho enginazo ngize ngifinyelele ezingeni eliphezulu lokusebenzisa lendlela.

Obani Laba Engangiqeqeshelwa Bona kwa Training for Transformation?

Sengibuyile ekhaya ngamangala ngizwa abantu bethi “siyaziqhenya kakhulu ngawe. Kulomphakathi wakithi akekho oseke wafika ezingeni lakho ikakhulu uma sibheka emuva lapho uphuma khona. Eminyakeni emihlanu eyedlule akekho owake wacamanga ukuthi ungabuyela esikoleni” omunye wathi kimi “Usunginike ithemba lokuthi ngisenako ukuba umuntu ebantwini emuva kwawo wonke umzabalazo wami wempilo. Kulomphakathi akekho oseke wahlupheka njenganawe kodwa wakwazi ukuphumelela njengoba wenzile. Ngenxa yakho senginalo ithemba ngekusasa lami. Ngeke ngisakhathala emzabalazweni wempilo. Ngizolwela ukwenza ngcono imfundo yami nempilo yami. Omunye uThishanhloko wathi kimi “ Sabazisa abantwana ukuthi usahambile uyoqhuba izifundo zakho. Bajabula kakhulu bathi bayazi ukuthi uhlakaniphile kakhulu nokuthi uma usubuya uyoba usizo olukhulu kulomphakathi”

Omunye wakaMasipala wathi nginikeza ugqozi kwabesifazane emphakathini. Abaholi bebandla engikhonza kulo bathi kuyisibusiso ukuba nowesifazane onjengami ongadikibaliswa yilutho. Lamazwi okungikhuthaza angilethela izinyembezi uma sengizwa ukuthi umphakathi

uyakwazisa engikwenzayo nalokho engikumeleyo. Sengiyabona ukuthi kwa TFT ngangingayele mina no WLTP kuphela kodwa nabantu bomphakathi engiwuthandayo. Ngifuna ukuba isibonelo esihle emphakathini lapho inkaba yami eyagqitshwa khona, lapho seyaphenduka yaba ngumhlabathi wakhona. Uma sengisebenzisa amakhono amasha esenginawo umphakathi wakithi uyoguquka ube esinye isimo esingcono.

Umsebenzi kaZanele fwa TFT kwi Certificate Course wabamuhle kakhulu waze wamzuzela iBusary yokwenza iDiploma Course. Wayiqala iDiploma yakhe ekupheleni kuka 2012. Ngabona sekuyisikhathi esihle sokuba ngibhekane nesikompilo maqondana nezobulili (gender) engalithola liyifa lezizukulwane kanjalo nezenkolo ziphile ngalo lelisikompilo. Ngabona kufanele ngiguqule eyami impilo. Njengowesifazane oshadile oneminyaka enga34, ngakhula ngazi ukuthi angikwazi ukuthi ngingagqoka amabhulukwe (jeans). Ngazinqumela ukuya esitolo ngithenge ama jeans engangizowagqoka uma sengiya kwa TFT. Enagngisebenza nabo bamangala kakhulu bengibona ngiwagqokile e Airport. Bathi "Zanele ave ekufanela amajeans futhi umuhle. Kade

wawuwufuhleleni umzimba wakho omuhle isikhathi eside kangaka” Babengibuka bengibuza nemibuzo eminingi ngesikhathi siqhuba izikhwama. Ngaqala ukulujabulela lolushintsho engangilwenzile empilweni yami. Izingane zami zathi ziyangithanda uma ngigqoke ama jeans. Osekusele manje ukuba ngibe nesibindi sokuwafaka emphakathini wangakithi.

Umlando ngoZanele engumfundi. Ngumphathi we TFT uNtombi Nyathi.

UZanele wayengenankinga ukuxoxisana nokusebenzisana nabesilisa nabesifazane ababe no Masters Degree. “Eminyakeni engu 30 ngingumqeqeshi wezentuthuko yomphakathi, angikakaze ngihlangane nomfundi owayelambebe ulwazi njengoZanele. Efika ngo March 2012 wayengakwazi ukubhala isingisi esihle kodwa ekupheleni kwalesisigaba sokufunda wayesethola osymbol B emsebenzini obhalwayo ayenikwa wona. UZanele wathi kimi ngelinye ilanga ‘Sengimtholile. Sengimtholile ukuthi uZanele ungubani. Kuyo yonke leminyaka bengingazazi ukuthi ngingubani’. UViolet wase Zambia wathi kuZanele “uyabona ukuthi usemqoka kangakanani ekilasini lika 2012-2013?

Siyakudinga uzosihola ngomculo, ngezwi lakho elimnandi nobuso bakho obuhlale bumamathekile, nekhono lakho lokukuzwa nokukujabulela lokho okuyihlaya enkulumweni yabanye abantu. Woza dadewethu. Siyakuthanda, qhubeka nendlela oyihambayo uze ufike ekupheleni kwayo. **Vuka Zanele. Yilandele lenkanyezi ekuholayo”**

Ngo January 2013 sasibheka ngokokugcina ukuthi iProject ye WLTP isebenze kanjani. Abantu abaningi balincoma kakhulu iqhaza elalibanjwe uZanele ukuze lomsebenzi ube yimpumelelo. UZanele wayengekho yena ukuze azizwele lezi zincomo. Wayelele esibhedlela esiseduze egula okokufa yi AIDS. Washona ngo 15 February 2013 eneminyaka engu 34. Wabulawa igciwane alihabula ngamhla ethwalwa. Saze salahlekelwa webakithi!

Ukudlula emhlabeni kuka Zanele kubashaqisa bonke ababemazi.

Abantu abaningi ababesemngcwabeni kaZanele babefakaza ngomsebenzi uZanele awenzile eminyakeni emithathu efundisa umphakathi ngezindlela ezihlukumeza amalungelo amantombazane namakhosikazi. uMfundisi uGugu Shelembe ungomunye wababefundisa kwa TFT futhi

wayengomunye walabo ababephethe umngcwabo kaZanele. Nakhu akusho “Ngathi sengimi phambi kwethuna lakhe elangaphandle komuzi ngazizwa ngihloniphekile kakhulu ngokuthi ngaba yingxenye yempilo yowesifazane owayemkhulu njengoZanele. Ngihalalisela uWLTP ngokuvumbulula leligolide emphakathini. UWLTP wasusa zonke izintuli zobuhlungu nokuhlupheka ayekuzwa, waqeda ukuzizwa engelutho okwakuyingxenye yempilo yakhe akhula nayo. UWLTP wamsiza ukuthi athole ubuyena obuphelele. Njengoba sigubha impilo yakhe sineqiniso lokuthi lokho akutshalile kuzokhula kuthele izithelo eziningi. Umsebenzi osele nathi ukuthi sigubhulule abanye oZanele esizohambisana nabo”

“Mukhulu umsebenzi osasisalele thina baholi bendabuko. Lomsebenzi owokubambisana nabomthetho siqede ukuhlukunyezwa kwamakhosikazi namantombazane. Zulu wakwa Msingaphansi.

Ngesikhathi kwehliswa ibhokisi, ukhozi olumnyama lwazungeza kancane ngaphezulu ngaphambi kokuba lundize luyosithela lapho amehlo ayephelela khona, eduze nalapho imihosha

notshani babembozwe ubuhle obuyisimangaliso,
"ubuhle obungaphezu kwemiculo yemizwilili".

(Kucashunwe encwadini *Cry the Beloved Country*
ebhalwe ngu Alan Paton.)

Sivuka
Emaqandeni
(isiMpondo)

Umfazi onamandla, uyabanika abanye Amandla, imbewu elahlekileyo ibe yimbewu yethemba

Ngu Nobuhle Mbothwe

NDINGU NOBUHLE MBOTHWE, UMAMA WEN-TOMBAZANA enye. Ndineminyaka eyi-34 ubudala futhi ndihlala kwisithili sase Madzikane e Centocow.

Ngonyaka ka – 2007, ndandinga phangeli futhi ndingafundi. Ndilichithe ixesha lam ekugcineni ikhaya lam lihlanzekile, ndipheka futhi ndizihlalela nabangani kunye nomakhelwane. Zange ndizive ndifanele ukufaka isandla ekuhlaleni okanye kwiimpilo zabanye abantu ngenxa yokuba ndaziva ndingenanto ndingayenza. Umzala wam wandixelela ngentlanganiso yomsebenzi zeyibamba. Ezo ntlanganiso zezilungiselelwa yi-Women's Leadership ne Training Programme. Ndabanomdla ndamcela ukuba andimeme xa ephinda esiya. Ndandi mangalisekile ukuya kwam. Ndaziqaphela uba ndilahlakile futhi andinalwazi. Ndaziswa kwinto eyathi yandinceda ndazi u-Nobuhle. Oluhlobo lwalunzima futhi landinceda ekunyuseni

izinga lam lokucinga, ukudlamka futhi nobu mna. Kwakuthethwa ngazo zonke izinto ezingo bomi futhi zazibhekiswe kwezi zinto zilandelayo: leadership and life skills, strategic gender analysis, culture and heritage, environment, economic literacy, women's health and ethics and morality.

Ndingqwenela ukuba sasititshwe ngeyandlela nathi esikolweni, ndandingazange ndiwenze lamaphutha ndawenzayo afana nokumitha ndingaphangeli. La ntlanganiso yanditshintsha indlela endiyiyo ngobomi. Ndabanomdla kwizinto ezohluka-hlukeneyo ezifana nemisebenzi eyenziwa ekuhlaleni. Ndaqala ukuhamba iintlanganiso zasekuhlaleni, ndiveza imibono emihle ndibuza nemibuzo ebalulekileyo. Ulwazi lwam luye lukhula kancinci kancinci. Obubuchule buqatshelwe ngabahlali. Ngo – 2009 ndonyulwa njengelineye lamalungu ekuhlaleni kwi – Project steering committee (PSC). Ngo – 2010 ndonyulwa ukuba ngibengu titshela ekukhuliseni abantwana eSiyethemba creche. Ngo-April kulo nyaka ka 2013 ndonyulwa njengonobhala we-Community Policing Forum (CPF), e Ngwangwane ndim kuphela umfazi kule – komiti. Ndike ndakwityala lodwengulo njenge lungu le Community Policing Forum-Sisephanda

isizathu sokuba ityala liyekwe nokuyekwa ko mdlwenguli.

Nangona ndiqeshiwe nje ngoku yi WLTP, ndake ndawenza lomsebenzi njenge volontiya ngoba ndiyawaqonda amandla olwazi futhi nokubaluleka kwemaliezimpilwenizethu. Ayinaxabiso into yokuba ingqondo yam ingahlaziyeki futhi ingatyetyiswa. Ngoko ke ndivolontiyile kwindawo ezininzi ukutyebisa ingqondo yam ngesixhobo solwazi esinga sokuze sophuke. Ngexesha ndisenza lento, ndingayboni, ndilufundisile ulutsha kunye nabantu abadala. Ubuchule bam bobunkokheli nomdla ziye zaqatshelwa yi Women's Leadership and Training Programme futhi ndiqashwe kwi LAW yabo (Legal Advancement of Women).

Ndike ndaya kwinkundla yamatyala eNtshikeni ukuziqhelanisa nemigaqo siseko xa kuviwe amatyala. Ndiye kwelinye lamapolisa e-offisini ndalichazela isizathu sokubakho kwam phaya. Undixelelele ukuba mandigoduke, ngibuye kwixa elizayo ndizokwenza isicelo, ndiphinde ndibuye ndizodibana nesikhulu sabo. Zange ndoneliseka yimpendulo kangange ntoba ndayo ndabona ukuba kuzobayi ngcitha xesha. Ngaya kunogada wandithatha wandisa kwiqela elalime lonke-

kwakunga mapolisa amabini elinye liyitoliki elinye liliqwetha. Ndazazisa ndibaxelela ukuba bendilapha ngokuzojonga ukuba inkhundla isebenza njani namatyala obundlobongela obubhekiselele kwi sini. Bakhawleza bakubona ukubaluleka koludaba bandithathabandisaenkundleniaphoabantubalinda ukumamela amatyala. Ndingazilungiselelanga ndinjalo ndikwazile ukuthetha nabantu abayi-45 ababekhona. Yayimininzi imibuzo. Abantu babenomdla kakhulu kungange ntoba bandicela ukuba mandishiye iinombolo zami zefoni ebhodini yasemapoliseni.

Naziva ndinovuyo ndizixelela ukuba yilento – IWLTP ibindikhulusela yona le, ukusoloko ndizilungiselele, ndizithembe ndibalise ibali lam eliphuma entliziyweni. Ndibenakho ukusebenzisa oko ndandifundile ukunceda abantu bomelele futhi baphucule impilo zabo.

Ndawaqhathulula amaketanga

Ngu Buyelaphi Sbiya

SENDICHITE IMINYAKA EYI-15 EBUDLELWANENI. KWAKUFANA nejele okanye ingcono ijele ngoba ukuba ndandenze ububi ngendafumana esona sohlwayo, ndidontse ndizibhatalele izono zam ngaloxesha. Kodwa konobudlelwane buyi “jele” ndandisoloko ndivuma ukuba ndimoshile ngoba kwakungavumelekanga ukungavumi. Ndandisoloko ndisolwa ngokufeba nangokubalula ekuhlaleni namadoda. Yandikhathaza lonto emphefumleni, futhi nasengqondweni.

Ndandingena bahlobo nditsho nongumfazi, ukuba akamthandanga, wayesithi nguyey owayemfundisa ukufeba. Ndandinentloni futhi ndazixelela ukuba andisokuze ndiphinde ndibena bahlobo abangamadoda. Zange ndakhe ndayinga into yokuba ndithandane nomunye umuntungaphandle kwendoda yam eyayinguye, kodwa zange wandithemba nangenye imini.

Ndalunikezela uvuyo lwam ndenza yonke into endandifanele ukuyenza ukuze andikholelwe.

Ndandisolokho ndinethemba lokuba uzoba abone ukuba ndyamthanda futhi uzode andithembe ngokuhamba kweminyaka. Ukuzinikela kwami zange kumtshinsthe futhi ndyakholwa ukuba soze atshintshe. Sekukudala futhi sekukude ukuba ndilindele utshintsho ngoku. Ndincamile. Ndenze I-Protection Order kodwa yamothusa kakhulu lonto kungange ntoba waqala ukwenza izinto ezingaqhelekanga ingathi ngumuntu lo uphazamisekileyo engqondweni. Wahamba hamba amaxhwele. Abantu bakholelwa ukuba ngamagqwirha la amphazamisileyo.

Kwande! Andisafuni kuqhubeka nakukuthanda. Sekukudala kakade. Ukwenze konke ebenokukwenze ukundivisa ubuhlungu. Uzamile ukundibophisa, wandityola ngokweba izinto zakhe. Kusebuhlungu ebantwini basekhaya kuba kudala ebangcungcuthekisa, ethuka umama ngamagama amabi futhi ekwathi nguyey ondifundise ukba ndibesisiyoyoyo somfazi.

Ndiphele ndibaleka ekhaya ndisoyika ndilala komakhelwane. Uxelelel abantu abanizni ukuba ndikwrada futhi soloko ndaqala ukusbenza andimhloniphi. Ukwabaxelele ukuba uzondiyekisa umsebenzi. Uzame wancama ukuba mandibuyele

kuye, kodwa usayimele into yokuba masibuyise ilobola yakhe. Ngaphaya koko ndiziva ngcono ngoku kuba ndilwela ubom nam namalungelo am. Ngokwesiko lethu, uzoyibhatalwa ilobola yakhe xa nditshata neny indoda azobe ibhatele ilobola nayo.

Andiyazi ezolandela, kodwa endiyaziyo yeyokuba ndikulungele ukufela inkululeko yam. Kungenxa yoba soloko ndazibandakanya nomsebenzi wam, ndaqala ukuzibuza ukuba ithini na into yam okokuqala nokukugqibela ndiyenza lo nto ndabona ukuba bendinganyanisekanga kum. Ndifundela ukubanguthitshela ngoku e-Unisa ngaphandle kwengxaki kudala ngoko ndandesenaye ebangathandi ukuba ndifunde engafuni nokuba ngiyobhala iimviwo. Ngoku izifundo zam zindinika ithemba lokuba ngulomfazi ndandifuna ukubanguye ndiseyintombazana.

“Andinankomo ndinentombi ezintle”

ngu Thomas Masuku

IGAMA LAM Ndingu THOMAS MASUKU. Ndineentombi ezintandathu. Nginemyinyaka engama-67 ubudala. Umfazi wam uhamba iintlanganiso ukuzama ukuphelisa umhayizonokuthwalwakwindawoyethu. Ndandingazi ukuba bathetha ngantoni de ngolunye usuku ndabona oomama ababelishumi elinesihlanu ku-ronta wendlu yam. Ndeva owasetyhini owakhala kakhula. Ndothuka ndayeka lonto ndandiyenza ndayobanceda. Ndabona ngoko ukuba benza-idrama emfutshane ebonisa ukuba umhayizo wenzeka njani futhi uyiphazamisa njani imfundo. Bandixelela ukuba bazosebenzisa i-drama ukukhulisa lengxwaba-ngxwaba yo-mhayizo ezikoleni nakwi gela labo. Ndandonwabile ndandingaboni ukuba abazali bangawayeka njani amakanva abantwana abo afe ngenxa yoba befuna iinkomo. Andinankomo kodwa ndingathanda ukuba nazo kodwa hhayi ngokuthengisa ngeentombi zam ezintle. Ingase ndihlale ndihlupheka. Ndibathanda bonke. Akukho nomnye endingamyeka ayotshata esemncinci,

ukuze ndifumane iinkomo. Into endibanqwanelele yona yeyokuba bafunde futhi bakwazi ukuzixhasa. Ndinamakhwenkwe amathathu. Akekho nomnye owabo ongazisa intombazane ethwelweyo emzini wam ndisaphila.

Umkhankaso Olwisa Ukuthwalwa Kwamantombazane

IQELA LABANTU ABANGOMAMA, AMAKHWENKWE NAMADODANA beze bonke ngo-August 2012 ukuzonwabela usuku lomama. Abantu kwakunye nezithethi zeminyaka yonke zazisuka e Centocow, Madzikane, amaKhuze, Marhambeni, nase Msingaphansi tribal authorities, Hlokozi nase Underberg. Isihloko kwakungu "Asithwali. Asithwalwa". Ulutsha lalukhokhelwa yintombazana okanye ikhwenkwe idanisa ukuya eholweni icula i-slogan.

Abakwantsasana, umthetho womasilingane, ootitshala, izithethi kwi – Nelson Mandela children's Fund, abazali babantwana abahamba iintlanganiso ze-WLTP, namagqala ecawe ayekhona. Abantwana bezikolo ezahluka-hlukaneyo babekhona. Umyalezo wosuku wawusithi: 'Masijonge indlela esenza ngayo amasiko ethu ukuze abasakhulayo bondleke futhi bakhuliseke'.

I-drama eyayisenziwa ngamakhwenkwe, amadodana, amantombazana kwakunye nomama abasula yayisetyenziswa ukuqala usuku kwakunye

neengxongxo. Indaba yayibalisa ibali lomfanyana owaya edolophini wabuya nemali neempahla wacela abahlobo bakhe ukuba mabamncede bamthwalise intombazana oweyefuna ukuyenza umfazi. Lontombazana yanyanzeliswa ukuba mayisishiye isikolo. Wabuyela emuva edolophini intombazana yayinabantwana ababini abasifa yindlala bekwagula ugawulayo. Zange waphinde weva endodeni de waba ufumana iindaba zokuba isutywe kukufa. Ingingqi, nesikolo ezazingawaqondi amalungelo akhe. Zezihla iinyemzezi abantwini abaninzi emva kwe-drama. Iqaqobana labantu abangomama lasukuma lema nge nyawo lathi lizolwa nokuthwala. Ababini bathi bakwazile ukuphunyuka ekuthwalweni.

Abazali babaxhasile abantwana babo bazamkela nezikhafu (ezazisakhiwa iqela lamakhwenkwe namantombazana) ezisuka kubo ezibonisa ubumbano kubo ukulwa ukuphelisa ukuthwala. Omnye umama wathi yaqaleka ukwenzweka iintshukumo enje futhi iqhutywa lulutsha lasekuhlaleni. Uthe bazoyixhasa lentshukumo kube ukuthwalwa kuyaphela utitshala uthethe ngovelwano lwakhe olungqonge ukuthwala kwabantwana. Uthembise ngokuxela abantwana abalahlekileyo emapoliseni.

Ndinqwenela uthando lobom bam

Ngu gogo oneminyaka eya ku 80

NDIKHULELE eMADZIKANE TRIBAL AUTHORITY ENDAWENI ebizwa ngokuba yi Bhobhoi. Ibiyinto eqhelekileyo ukubane nkwenkwe xa uneminyaka eyi-18. Ndandihleli ndinayo inkwenkwe. Kwakuyinto emnandi kum njenge ntwazana engingqini apho kwanqaba lobomi lalibandakanya ukuhlala wonke abanye amantombazana nabanye oomama babesazi ukuba ngubani isinqanda mathe sam. Abadala nabo bude bayazi ngokuhamba kweendaba ekuhlaleni. Ndandinamaphupho ngam nesinqanda mathe sam. Ndandifuna ukumtshata kwaye naye wayezimisele ukunditshata. Waye wayosebenza emgodini ukuze onge, akwazi ukuba nenkomo ezaneleyo nemali yokubhatala i-lobola ebazalini bam. Sasingangxamanga, sathatha ixesha lethu ukwazana futhi nokonwabela ukusulungeka nokubamsulwa kothando lwethu.

Ngenye imini, ndandiyokha amanzi emlanjeni. Ndabona iqela labafanyana phambi komlambo. Kwakungeyonto yothusayo leyo kum, njengoko

kwayindawo eqhelekileyo kum ukufumana abafana belinde amantomazana ukuba makeze. Kwakuyindawo yokubonakalisa ukuzithemba uzenzela ubuwena njenge ntokazi uqinisekisa ukuba abafana bayayiqonda into yokuba unexabiso futhi alikho phantsi. Kodwa ngolusuku, into yayohlukile. Xa ndandiqala ndisikha amanzi, ababafana bandithi hlasi bandinyanzelisa ukuba mandiye kwihashi elalikufutshane, bendoqhuma ngesiziba emlonyeni. Babopha izandla zam zozibini babaleka nam. Yenzeka ngesaquphe.

Ndandigxwala ndikhabalaza, kodwa abobafana babomelele kunam; futhi bezixelele ukuba bayandithatha. Xa ndifika endlini bandixelele ukuba ndizobangumfazi womunye wabo. Wabangumyeni wam. Ndasokola ukwamkela lenyaniso ngoba intliziyo yam yayisahleli kwisinqanda mathe sam. Kwabizwa intombazana encinci ekuseni ukuba mayindibhalele incwadi eya ebazalini bam evumelana lo nomtshato. Bayisa incwadi ekhaya futhi ndatshata. Ndinabantwana, abazukulwana, nezizukuzuku ngoku. Akukho nto ndingayenza ngalento yandlehlayo kodwa ngeke ndikonyusele ukuthwalwa kwabazukulwana bam.

Imfihlo enkulu endinayo endingazange ndiyincokolele namnye umntu yeyokuba nangona ngineminyaka eyi – 76 ubudala ngoku, ukuba isinqanda mathe sam sokuqala singavuka engcwabeni laso, ndingaqhubeka ngisithande entliziyweni yam. Ndisasikhalela isithandwa sam sobomi. Zange ndayeka ukumthanda nokucinga indlela ubomi obobunga ukuba ndandtshate indoda endiythanda kunene.

“Ndicela kubuye lendoda ndaytshatayo”

nguNoluthando Nzimande

“WAWUHLALELENI?” NDABUZA

“Ndandingafuni kuphoxa i-famili yam, ngakumbi utata. Ekuhlaleni ngebandibiza ngamaga obudikazi, bendixelele ukuba ndingumabuya emendweni owohlulwa umtshato. Asokuze ndiwalibale amazwi katata. Wandixelela ukuba umfazi owayetshate utatomkhulu wasokola kakhulu, waxelela mna nomama ukuba umfana wayegcwele yinzondo nokukhohlakala.”

Yingxoxo endandinayo nomama sukela ndineminyaka elishumi elinesibini. Umakhulu watshata inkwenkwe utata wakhe wayengayithandi ngenxa ye-simo kwi famili yakwa Nzimande. Babehlopheka kakhulu futhi bonke bengotywaleni. Utatomkhulu wayedla ngokuhlala ngakumama wakhe onxilileyo acele ukutya ngexesha eseyinkwenkwe.

Mhla uMakhulu weva elibali kutata wakhe wacinga ukuba uyabhanxa futhi indoda yakhe

yayingu mqaba-qaba-indoda eyayilungile, indoda owayekhuthazwa nguwo wonke umutnu ekuhlaleni ukuba mayitshate.

Wayengaseli engatshayi, eyindoda ethulayo eyayikhathalela usapho lwayo. Ngo-1971 batshata emva kokusweleka kukatata ka makhulu. Kwavakala ukuba usapho luka tat'omkhulu belunendla yamanxila, umntu wonke ngaphandle kuka tat'omkhulu, zange kuhlaleka xesha lide utat'omkhulu naye waqala ukusela. Wayeyindoda ekhohlakeleyo. Wayebacaphukela abantu abaninzi ebasola ngezinto ezenzakayo kusapho lakhe", umakhulu wandixelela. Wayesaziwa ngokulwa. Ebenabahlobo ababi ababemncedisa ukubetha abantu, ukweba nokutshabalalisa izinto zabo.

Kwakungu 1973 ukuqala kokubetha. Umama wayenomnyaka omnye ubudala xa utat'omkhulu wayetyilizela umfazi wakhe edongeni ebeleke umntwana. Waye wayowa umntwana wakhala kuba kubuhlungu. Umama ukhule eyazi ukuba umama wakhe uzobethwa futhi akazulwa. Umama wayengaku tata wakhe nangamaxesha anzima, xa lonke usapho lakhe lalumlahlele izandla".

Umama wandixelela, wandixelela nokuba kwakubethwa wonke umntu ongamameliyo.

Wayemcaphukela utata wakhe ngokunzima owabenzeya. Xa ndandineminyaka emine ubudala. Sazama ukubaleka kusapho lakhe sinomama. Babefuna ukusibulala. Ndandingazi ukuba kwakutheni umama emdele kangaka utata wakhe. Esoloko kwicala lika mama wakhe. Ndandingayithandi lonto. Nje ngoba ndandineminyaka emihlanu, ndandikonwabela ukucula kuta tat'omkhulu xa enxilile, ndingazi ukuba kuchaza ingxwaba-ngxwaba. Wafika ekhaya ngolunye usuku, eyilonto. Wathi kumama makacime umabonakude, umama akafuna. Ndisakukhumbula okokukhwazelana ndanona lo ntonga yayinkulu ihlala emathangeni laMakhulu. Ndakhala ngaphuma phandle. Lolosuku sathi saziqhelanisa nokungalali ekhaya sibaleka igagu, sicela amalungu osapho nabahlobo ukuba basithethele naye phambi kokuba sibuyele ekhaya.

Ndandicaphula kwanto inokwenza notywala futhi na ngoku ukuba kwakungeyiyo lo ntlungu wayeyigcine ngaphathi utat'omkhulu ngesilusapho olukhulu noko ngekungekho mntu obetha omnye. Wayitshintshela kwinzondo nakwinkohlakalo intlungu yakhe futhi sayiva, umntwana oneminyaka emihlanu nomncinci ongaphansi

kweenyanga ezintandathu ubudala. Sonke sasikuva ukungakhululeki kokungalali ekhaya. Nje ngoko ndimdala ndisoloko ndizama ukupholisa xa beqala bebuza, ndibenze bathethe ngeentlungu zabo ngokundibalisela amabali akumile kunje. Akho lula, kodwa kuyapholisa.

Utat'omkhulu akaseli ngoku ngesizathu sokuba umakhulu ekhala yonke imihla enomnqweno woba ibuyi indodoewayeyitshatile. Salilanathi, kwintlungu yendoda umakhulu wayengayitshatanga, yasenza savakalelwa.

Ndaye Ndamfumana uZanele wokwenene

U ZANELE NGCOBO WAYENGU – trainer wasekuhlaleni kwi WLTP elwa ukuthwala nomhayizo njengo nobangela bakaGawulayo. Wabayingcutshe yetheko, ebalisa ibali ngokuphinda-phindeneyo, ngokuthwala kwakhe.

“ndandineminyaka elishumi elinesine (14) ubudala ukuthwalwa kwam. Kwakungentshimbi yeshumi ebusuku xa umzala wam wayefika ekhaya ezondicela kumama ukuba mandiye kowabo. Ngaphandle, amadoda amahlanu andibamba andithatha ndahamba nawo. Ndandigxala ndisilwa, babeculela phezulu ukuze kungabikho namnye umntu onokundiva. Bandithembisa ngokuba abazundibulala bandixelela ukuba, mandingakhali. Zange ndilale kobobusuku. Ndandothukile ndikhathazekile. Umnyeni wam wayezothumela abantu ekhaya bayobhatala ilobola. Ndandinethemba lokuba utata uzokwala, kodwa ndaphoxeka kuba wasamkhela isicelo, engavanga nakum ukuba ndithini. Ukusukela ngalomini ndazisola ndokubano sapho lo ndoda kodwa zange

incede lonto. Kwandithatha iminyaka emibini ukumamkela umyeni wam. Ndandiselula kakhulu ukuba ndingohlule phakathi ko thando nokwamkela. Ndaziva ndihlazekile futhi ndingenamandla ngokungathi andinto.

Ndandinephupho lokubangu nesi ukunceda usapho lwami ingakummbi umama osebenze nzima esebenzela thina. Ndandiyicaphukela ingcinga yokufana naye. Wayesolokhu equmbile. Ndandifuna ukubangu mama osdoko onwabile, kodwa iphupho lam lakhukhuliseka. Zange ndiligqibe ibanga lam likugqibela umatikiletsheni. Ngasokola ukukhulisa abantwana bam emva kokusweleka kuka tata wabo kwiminyaka embalwa edlulileyo. Lonto yandeza ndakucaphukela kakhulu okwenzeka kum.

Ndisasokola ukungqiba izikhewu kwimfundo yam nokuxola emphefumulweni, emoyeni nasegqondweni. Ndisafuna okubafaneleyo bantwana bam futhi ndingalwa ndide ndife kukho umntu ongayithwala intombi yam, okanye ukuba unyana wam angathwala intombazana. Ndiyawazi amalungelo omama ngoko ke ndingamohlwaya umenzi wobubi ngokutsho kwabantu. Ndifuna unyana wam oneshumi elinesihlanu leminyaka ubudala abeyindoda yokwenyani angafani

namadoda aselalini anganasingqi. Akasokuze athwala intombi njengo tata wakhe. Ndizoyilwela into yokuba enze izinto ngendlela eyiyo. Ubunzima endihambe kubo kundifundise ukungaxhomekeki. Andizulwela bantwana bam kuphela ndizolwela onke amantombazana asendaweni yam.”

Ngo March-2012, uZanele wabanethuba lokufunda okokuqala ebomini bakhe. “Xa ndandifumana ithuba lokuya – Training For Transformation (TFT) E Grail center e – Kleinmont e – Western cape. Ndandonwabe kakhulu, kodwa kwelinye icala ndisoyika ngoba ndandingazi ukuba ndandilindwe yintoni. Umsebenzi wam kwakukujongana nezinto zasekuhlaleni ukuba ndenza kakuhle. Xa ndandikwi TFT ndafunda ukuqonda ngcono i – theory ka Paulo Freire. Ndayifumana inzima ukuba ndijonge kwintsusa yayo i-TFT yandifundisa ukwemba nzima.

Training For Transformation for who?

Ekhaya ndandimangalisekile ukufumana iqela labantu elandixelela, “siyazidla ngawe.” Kwiminyaka emihlanu edluleyo akekho nomnye owayenombono wakho ufunda”. Omunye wathi, undinika ithuba lokuba ndingangumntu emva kweentlupheko zam.

Akukho namnye kulengingqi oke wahlupheka nje ngawe futhi wakwazi ukuphumelela nje ngawe. Asokuze ndixhome. Ndizokwenza into ukuphucula imfundo yam nobomi bam”

Inqununu yesikolo yandixelela ukuba, “sibaxelele abantwana ukuba uhambile uyophucula imfundo yakho. Babonwabe kakhulu futhi basixelela ukuba bayakwazi ukuba ukelekele. Uzobayintsika yalengingqi.” Omnye wakwa masipala wandixelela ukuba ndibeyi nkuthazo ko mama nakumantombazana asekuhlaleni. Iinkokheli zecawa yam namalungu ayithanda into yokuba abenowasetyini ongancamiyo phakathi kwabo.

La mazwi enkuthazo andizisela ngeenyembezi ndisazi ukuba abantubayayiphakamisela intshukumo yam nento endiyimeleyo. Ndiyabona ngoku ukuba bendingayeli isiqu sam naqumrhu lam kuphela kwi-TFT. Ndiyele abantu bam abandithandayo kakhulu. Ndifuna ukubangu mzekelo kulo ndawo ndizobe ndibekwe kuyo yangumhlaba wabantu. Asoze baphinde bafana emva kokuba ndibohlulele ulwazi lwam olutsha.

uZanele wenza kakuhle kwi-course ye –certificate kwi – TFT.(Paulo Freire course) wanikwa i-bursary waqala i-course ye-Dilpoma ekupheleni ko-2012.

"ndagqiba kwelokuba ixesha lam neli likuba ndijongane nocalucalulo ngokwesimo endasifumana kwisiko lam nakwi nkolo yam ukuzitshinstha. Nje mgomntu owayetshatile eneminyaka eyi-34 ndakhuliselwa ukuba ndiyoqonde into yokuba andisokuze ndizinxibe i-jeans. Ndaya evenkileni ndathenga ii-jeans kuhambo olwalusiya e TFT. Xa ndandidibana no-gxa bam esikhululweni e-Durban babemangalisekile, "wow Zanele umhle kakhulu! Bekutheni uzifihla yonke leminyaka?" bandiqhoqha ngemibuzo bengayekaka ukundijonga. Ndazixelela ukuba ndizolonwabela olutshintsho. Aban twana bam bandithanda futhi ndazixelela ukuba ndizoqhubeka ndizinxiba ndisofumana inkuthazo eyaneleyo."

UZanele, umfundi. U-Director we-TFT. uNtombi Nyathi wathetha ngoZanele nje ngomntu omele omama namadoda one-Masters Degrees. "kwiminyaka yam yonke eyi-30 njenge community development animator, zange ndasebenza nomntu owayelulambe njengo Zanele ulwazi. Wayenza lula into yokubhala ngolwimi lwasemzini xa wayefika okokuqala e-Kleinmond ngo March-2012. Ngenye imini uZanele wandixelela ukuba, "Ndimfumene.

Ndimufumene ukuba ngubani uZanele wakwenyani. Yonke leminyaka ndandingazazi ukuba ndingubani."

"Zanele uyazazi ukuba ubaluleke ngangkanani kwi class ka 2012-2013? Funeka uze uzosikhokhela emculweni Zanele, ilizwi lakho elimnandi ubuso bakho obunoncumo, ukonwabisa kwakho. Yiza sisi vuka kulobhedi uzoqhubeka nohambo lakho ude ufike ekugqibeleni. Phakama Zanele, bona ulandele inkwenkwezi yakho." Violet-Zambia

Nge-Project evaluations yokugqibela ye-WLTP ngo-January 2013, abantu abaninzi banika imbeko kuZanele kwi nxaxheba ayidlalileyo ekwenzeni i-project impumelele, kodwa uZanele wayengekho ukuva lo mazwi. Wayekwisibhedlela esikufutshane, esifa yi-AIDS. Wasweleka nge-5 ka February 2013 eneminyaka eyi-34, wasifumana ekutwalweni isifo.

UkufakukaZanelekothusakubobonkeabamaziyo. Inani labantu abaninzi ababesemngcwabeni bathetha kakhulu ngowakwenzayo uZanele kwiminyaka emithathu elwela amalungelo amantombazana.

uRev Gugu Shelembe, umama oyi minitser ye-Staff se TFT, wayengomnye wabantu abaphambile emngcwabeni la Zanele. Wathi "Nje ngoba ndime phezulu kwengcwaba lakhe egardini engaphandle

kwekhaya lakhe, ndiziva ndihloniphekile ngokubayinxalenye yobomi balentombazana. Ndifuna ukubulela i-WLTP ngokufumana ubuwenye obunje. Ulususe lonke uthili lentlungu, nentlupheko ibimongamele iminyaka. Umncede wazibona ubuyena nje ngoko sibhiyozela obobomi, siqinisekile ukuba xa kutyalwa imbewu ebumila kunje, izokhula imile iziqhamo. Kufuneka siphume siyokhangela abanye oo Zanele esizohambisana nabo.”

Usibonda esingcwabeni uthe, “mninzi umsebenzi osafanele wenziwe zinkokheli zakwantu zisebenzisana nomthetho ukuphelisa ukuhlukunyezwa kwamantombazana nomama.”

Nje ngoko ibhokisi yayisehla, ukhozi olumnyama lwajikeleza phezulu kwentloko phambi kokuba lubhabhazelele kude, imifula eseduze nengca yayembethe inkazimulo “nobuhle obungelinganiswe nemihlabelo emihle”.

(Kucaphunwe ku *Cry the Beloved Country* ngu Alan Paton.)

Ndakha ubumina obutsha

Ngu Nobuhle Mbanjwa

NJENGOMNTWANA UNOBUHKE ZUNGE WANWABA. WAYENGAHLAI banazali bakhe. Wayesiya kwiintsapho ngeentsapho ezama indawo yokuzinza kodwa isimo sasike sabuchayi. Wayesolwa ngokweba, abethelwe ukungenzi into ebekufanele ukuba yenziwe ngomnye umntu. Waya eskolweni phambi kweemeko ezinzima ebetha ngezika tshiwo umgama omde. Ukohluka nobomi owebuphila nokuqala obungcono, watshata, wanabantwana abathathu futhi ngoku unendlu yakhe. Into ewayeyifuna.

Ngo-2010 waqal ukuhamna iintlanganiso, apho kwakukho iingxoxo zokuba intlukumezo ilutshabalisa njani uluntu emphefum; weni nangokwasengqondweni. Wayimamela yonke lonto kodwa zange alibalise ibali lokuba wayebethwa ngumyeni wakhe. Wakhwazelwa akakwazi nokuzixhasa. Wangafuni ukushiya abanantwana bakhe notata wabo. Koko ke usuke wayigcina ngaphaki intlungu yakhe.

Njengoko ubudlelwane bakhe ne WLTP bukhulile futhi nengxaso nokuthembeka zinukile, elinye lamalungu e-WLTP limbonile ukuba imamadyunguza ukuba unengxaki na. Uthe ephendula uwile, ukubethwakuqhubeka ixesha elide, de wabona ukuba kufanele enze into. Ude wafuma kwelilungu ukuba ebhlukunyezwa. Ulithathie icebiso lakhe wazama indlela yokuzikhusela, kodwa yayinobungcangcazu kakhulu lonto. Wawushiya umzi wakhe, eshiya abantwana bakhe bexakiwe futhi behlukumezekile.

I-WLTP yomnceda ukufumana indlu ekhuselekileyo e-Pietermaritzburg, apho wahlala ithutyana waphinda kowabo kwa mama wakhe. Ngalolonke ixesha ekowabo, wayehleli eloyikweni nasekukhathazekeni. Umyeni wakhe wayenguno-taxi, wayengahambi ekhululekile esoyika ukuba uzothi ambone futhi ukumbona kwakhe ambethe. Umnyeni wakhe waxelela i-WLTP ukuba mayingxothe ngoba sukela wasebenza phaya waba krwata. Wasongela iintshapho zezinye zamalungu e-WLTP wakhukumeza nabantwana abathathu ngokubathuka. Xa ootishela babethetha ngokuzimisela kwabantwana esikolweni, uNobuhle zange akwazi ukubafumanela esinye isikole

abantwana bakhe kodwa yayikhona ingxaki yokubohlukanisa kwixesha elalinzima kangakaya.

Emva kwexesha umyeni wakhe wancela ukuba makabuye ekhaya, ecela uxolo ethembisa nokuba akasayi kumbetha futhi. Kwangelixesha usapho lwakhe lalifuna ubuyele kwelokhaya lentlungu walishiyayo. Ekugqibeleni wazinikezela wabuyela emnyenini wakhe. Unceda bantu abakwi simo esifana nesakhe futhi utheniwe ngomama basekuhlaleni nabo balingana nomama wakhe la amnika ingcebiso nenkxaso. Uzama ukubangu mzekelo. Abantu abamaziyo bayangqina ukukhula kwakhe nokutshinstha kwakhe. Usaqhubeka abalisa ibali lakhe kwabanye, ukuze bazinxulumanise nabo futhi bafunde kokumenzekeleyo.

Ukutshintsha intlungu yam ukuze ndince abanye

ngu Xolisile Gombela

“XA NDANDINEMINYAKA ELISHUMI UBUDALA, USAPHO law nam sayohlala kwenye indawo, into ethetha ukuthi ndatshintsha nesokolo ndaqala nabahlobo abatsha. Yandonwabisa lento kuba andisazihamba imigama emide emahlathini ukuya esoklweni. Kwakukutshintsha kobomi. Ndabathanda abamelwane bam abatsha. Babelungile futhi sasifunda esokolweni esinye sidlala sonke.

Ngenye imini ndazixelela ngokuvakashela olunye usapho lwasekhaya kwenye indawo. Nje ngoko sihamba nabane abantwana, ndabizwa ngumfana omdala. Wandibamba wandiwisa phantsi wandidwengula. Ndisakhumbula ivumba lakhe, ubuso bakhe futhi kwanto. Kwakuyeyona nto yake yabuhlungu ndakhe ndayiva. Ndabuyela ekhaya ndayochazela umama ngokwenzekileyo wandithatha wandisa emapoliseni.

Ityala lavulwa ndabe sendiya kugqirha. Bonke ubuungqina babukhona, ngaphandle komfana

lo wandidlwengulayo, umfana owatshabalalisa ubomi bam. Yayingaqhelekanga lento kum. Ndakhe ndahlala kwiindawo ezinobungozi kakhulu sijikelezwe ihlathi kungekho bamelwane. Xa usapho lwam luhamba luyofuna indawo ekhuselekileyo, ndadlwengulwa, ndayicaphukela yonke landawo, abantu, isikolo. Kwanto!

Umfana waxelelwa ukuba makabalekele apho amapolisa angeke amfumane khona. Ityal laphelisa nencwadi kwevakala ukuba itshatyalalisiwe.

Emva kweminyaka. Lomfana wabuya. Kwabangathi ndisaqhubeka nokudlwengulwa futhi. Xa ndimbna zazibuya iinkumbulo wayendibulisa ezenza ingathi akandazi. Nje ngoko ndiyigcina ngaphakathi intlungu. Ndandicela uMdali ukuba amxolele andinike amandla okubandingamzondi. Eyona ndlela ndingazixolisa ngayo kukuqinisekisa ukuba wonke umntwana ukhe wadlwengulwa uyabufumana ubulungisa. Kufunrka ndincede abo badinga uncedo."

Uxolisile waxelelwa ukuba ityala lakhe lingalandelwela futhi, kodwa wathi maliyekwe, esithi wasingcwaba esosehlo futhi okwakhe kukulwela ubulungisa kwabo bakwi simo esifana nesakhe.

Ngayo Msintsi ngo-2012, uXolisile waqaphela ngaphandle kokuvuvunywa ukufunda iindlela zokuhlukunyezwa omnye wabatshana bakhe wadlwengulwa. Emva kokuchitha ubusuku endlwini yetshomi yakhe. Ubuze lentwazana iminyala ilishumi elinesithathu ukuba kwenzeke ntoni. Intwazana yabalisa ibali lika malume owafika endlwini ngwexsha belele. Kodwa zange ayiphathe eyokudlwengulwa. uXolisile wafonela omnye wo-gxa bakhe wambalisela lonke ibali. Ibali ledluliselwa ku Debbie Rowe we Sunflower project. Ngosuku olulandelayo, unontlalo ntle wafika esikolweni wathetha nentombazana eyambalisela ibali, ivuma ukuba yadlwengulwa.

Baya emapoliseni futhi ityala lavulwa. Umsolwa ngoku ulinde ityala. Usapho lomdlwenguli lutyelele kusapho lwakwa Gombela ukuyocela ukuba makuthulwe ngalento, ekubuyeni bazobhatalela umonakalo. Kodwa uXolisile ukwazile ukuthetha nomama wakhe ukuba angavumi ukunkalwa.

Uxolisile ngoku uyaphumelela ekuncedeni amnaye amantombazana ahlukumezekileyo ekuhlaleni. Uyintombazana efundileyo etshabalalisa iintsapho zabadlwenguli ngokuqinisekisa ukuba zithunyelwa ejele.

Uyitshintshile intlungu yakhe wayisa
eluthandweni futhi usoloko ebulela i-WLTP
ngokumnika intluva ebeyidinga ukwenza lento.

SIVUKA EMAQANDENI

stories of women
overcoming adversity

These stories tell of young women and girls in the Centocow and Hlokozi area of KwaZulu-Natal, South Africa, who have risen above their harrowing experiences and gender oppressive situations to lead normal healthy lives.

" I don't know what will be next. What I do know is that I am prepared to die for my freedom. Through my work, I started to question my situation for the first time. I have become very aware that I was not being true to myself. "

Buyelaphi Sibiya

Published by the Women's Leadership and Training Programme with support from the Foundation for Human Rights.

The Foundation's mission is to address the historical legacy of apartheid, to promote and advance transformation in our country and to build a human rights culture using the Constitution as a tool.

The Foundation for Human Rights is a joint project of the Department of Justice and Constitutional Development and the European Union



FOUNDATION FOR
HUMAN RIGHTS



Jive Media
Africa